# I-Islam

# Ubuntu

- ☑ UTHANDO LUKAMAKHELWANE
- ☑ UKUPHA ABANTULAYO
- ☑ UKUBINGELELA
- ☑ UKUZWANA
- ☑ UBUNGANI

# Beqiniso

Published By:

DARUL IHSAN
HUMANITARIAN CENTRE
GUIDANCE • UBUNTU • EMPOWERMENT

Ngaphambi kokuba sinabe kakhulu, okumele sikwazi ukuthi wonke amagama asetshenziswayo uma sikhuluma nge-Islam noma ngama-Muslim, amagama asukela olimini lwesi-Arab, okungulimi olukhulunywa ezweni lase-Saudi Arabia elisentshonalanga nempumalanga yezwekazi i-Afrika. Uma uwela ulwandle olubomvu ube usufika kulelizwe okwazalelwa kulo u-Mprofethi u-Muhammad, ukuthula kube kuye, okunguye owasikhombisa loluhlelo lwe-Islam , loluhlelo ludala luvela kuMvelinqangi OnguMdali maZulu noMhlaba. U-Muhammad isithunywa nje kuphela esivela ku-Allah (U-Somandla) akakhonzwa nangephutha.

Kunezigidigidi zabantu abangabalandeli boMprofethi u-Muhammad ababizwa ngokuthi ama-Muslim okusho ukuthi abathobele intando ka-Allah (U-Somandla) emazweni anjengo Egypt, Ethiopia,Iraq, iran, India, Kenya, Malaysia, Nigeria, Pakistan, Senegal, Syria, Sudan, Tanzania, Tunisia, Zanzibar namanye amaningi. Ezweni lakithi kunomqondo othi loluhlelo lwe-Islam inkolo yamaNdiya okuyiphutha elikhulu. Akukho sizwe naluhlanga olungaqhosha ngokuthi loluhlelo ngolwabo ngisho ama-Arab imbala. Yebo loluhlelo lwambulwa ngolimi lwesi-Arab kepha lokhu kwakungasho ukuthi ayigcine kubona, lona umbiko ovela ku-Allah uqondiswe kwisintu jikelele.

## I-ISLAM UHLELO LOKUPHILA OLUNOXOLO NOTHANDO

Ama-Muslim uma ebingelelana athi: 'As-salam alaykum' okusho ukuthi 'uxolo malube kuwe'. Loyo obingelelwayo kufanele aphendule athi: 'wa-alaykum salaam', okusho ukuthi 'uxolo malube kuwe futhi'. Ama-Muslim ayanxuswa ukuthi kufanele ahloniphe izinhlelo zokukhonza zabanye, nabalandeli bazo. Akavunyelwe ukubeka izici kwizinhlelo zokukhonza zabanye. Ama-Muslim asebenzisa iNcwadi ebizwa ngokuthi i-Kur'an eyambulwa kuMphrofethi u-Muhammad njengaloku nezinxenye ezithile ze-Bhayibeli zambulelwa iNkosi u-Jesu ,ukuthula makube kulezizithunywa zika-Allah (Unkulunkulu).

U-Allah ongu-Somandla uthi kwi-Kur'an eNgcwele, “Akukho

ukuphoqwa oKholweni”. Okuchaza ukuthi umuntu akaphoqwa ekutheni angene kuhlelo lwe-Islam kungasuki enhlizwiyeni yakhe. Kune miqingo yemibhalo ebizwa ngokuthi ama-Hadeeth imibhalo ephethe iziyalo nezimfundiso zoMphrofethi u-Muhammad ama-Muslim ayazisa kakhulu engeyesibili ngokubaluleka emva kwe-Kur'an eNgcwele. Akesithi ukuchaphuna kancane kulama Hadeeth:

## UKUBINGELELANA

UMphrofethi, ukuthula kube kuye, wathi, ”Ngizonilayela into okuzothi uma niyenza idale uthando kini…………………...zifundiseni ukubingelelana.”

## UKUHLAMBALAZA

I-Muslim lingumfowabo welinye i-Muslim, akufanele ukuthi lihlukumeze noma liphathe kabi elinye, lithuke noma lilibukele phansi. “Lowo ohlambalazayo, okhuluma kabi, aphinde aqambe amanga ngabanye ngeke awubone umbuso we-Zulu!” kusho uMphrofethi, ukuthula kube kuye.

## UKUZWANA

Alukho ukholo lwenu oluphelele (awusoze waba i-Muslim leqiniso) ngaphandle kokuba ufisele umfowenu lokho ozifisela khona wena.”

## UMONA, UKUXHAPHAZA ABANTU, INZONDO

“Ningabi nomona phakathi kwenu, ningaphathani budedengu, ningazondani, hlalisanani njengabantu abangabafowenu,nina zinceku zika-Allah”

## UKULIMAZA NOKUKHUBAZA

“I-Muslim akufanele ukuthi ngezandla zalo nangolimi lwalo limaze amanye ama-Muslim, nabanye abantu nje.”

## UKUPHA ABANTULAYO

"Zivikele eMlilweni ngokuthi wenze izenzo ezinhle noma ngabe zincane kangakanani."

## UTHANDO LUKAMAKHELWANE

Lowo okholwa ku-Allah no-Suku loku-Gcina kufanele ukuthi ahloniphe umakhelwane wakhe (umakhelwane kumele ahlonishwe, aphathwe ngokucophelela, uphinde ube nesihe kuye futhi asizwe uma kufanele)."

## UKWAZISA IZIVAKASHI

"Lowo okholwa ku-Allah no-Suku loku-Gcina kufanele azise izivakashi bezihambi."

## UKUTHULA KUBUSISEKILE

"lowo okholwa ku-Allah no-Suku loku-Gcina, makakhulume ngezinto ezinhle noma athule."

## OKUHLE NOKUBI

UMphrofethi u-Muhammad, ukuthula makube kuye, uchaza okuhle nokubi kanje: OKUHLE: Ukuziphatha kahle ukuba nothando nenhlonipho kwabanye abantu; OKUBI: Izenzo ezimbi ozenza kwabanye abantu zilimaza abanye zibuye zilimaze wena ngendlela ongezuyibone masishane.

## IZONO EZINKULU

Isono esikhulu : Ukulinganisa ubuKhulu buka-Allah (U-Somandla)nobabanye, ukulinganisa u-Allah nabanye onkulunkulu. Ezinye izono ezilandelayo ngobubi yilezi: Ukungalaleli abazali, ukubulala, ukuphinga, ukweba, ukuphuza uphuzo oludakayo,

nokubulala izinto eziphefumulayo kungenasidingo, njengezilwane, izinyoni, izinambuzane, nokwenza izifungo ngo-Allah ngenkohliso.

## ULAKA

“Akanawo amandla lowo othela abantu othulini ngamandla akhe, kodwa lowo okuthi lapho evukwa ulaka azibambe, nguye onamandla.”

## UKUFUNA ULWAZI

“Ukufuna ulwazi (namakhono) kuyimpoqo kunoma iliphi i-Muslim, elesilisa nelesifazane.”

## UBUNGANI

“Kungcono ukuba wedwa kunokuba nomngani omubi.”

## IZINKULUMO ZANGASESE

“Lapho kunabantu abathathu nangaphezulu akungenzeki ukuthi ababili baba nengxoxo ngaphandle kowesithathu noma nabanye, ngamanye amazwi kusho ukuthi ukuhleba akuvumelekile.”

## UKUXABANA

“Ngempela u-Allah Uzonda izinto ezintathu kumuntu, okuyilezi: Ukuxabana kuze kubekhona ukulwa, ukumosha umnotho wakho nowabanye, kanye nokubuza kaninginingi ngokungenasidingo.”

## ISEXWAYISO ESINZULU

“Lowo ozibulalayo uyakusha e-Mlilweni wesi-Hogo, ukuthatha izeluleko zabathakathayo, ukudala udlame,ukukhonza amathuna, ukukhonza abantu abaphilayo nasebadlula emhlabeni. Bonke laba bayothola isejeziso esinzima ku-Mdali.

# DARUL IHSAN
HUMANITARIAN CENTRE

GUIDANCE • UBUNTU • EMPOWERMENT

# Projects

## ISLAMIC

- Learn The Deen
- Teach The Deen
- Jumuah Roster
- Bookshop
- Basic Islam
- Library & Research Facility
- GUIDELINE (Counselling)
- Literature Collection
- Al Ihsan Micro Library
- Marriage Registration
- Sadaqah Jariyah Projects
- Taqwa School of Excellence
- Muslim Marriages Tribunal (MMT)
- Drug Awareness Drive (DAD)
- Siyaphambili Madrasah
- Enewsletters, Social Media Posts
- Azmatu-Ahlil-Bayt-was-Sahaba

## HUMANITARIAN

- Feed a Pupil
- Feed a Patient
- Feed The Needy
- Al Ihsan Clinic
- Build a Home
- Al Ihsan Relief (AIR)
- Enable the Disabled
- Bursary Fund (DIBF)
- Operation H2O
- Sponsor a Blanket
- Sponsor a Kajoor Pack
- Al Ihsan Boreholes
- House & Home Improvement
- Al Ihsan Fashion & Design Course
- Uniforms & Stationery
- Al Ihsan Garden Patch
- Al Ihsan Caregiver Course




www.darulihsan.com disc@darulihsan.com @discdbn /darulihsancentre 08611 44726




## About **Darul Ihsan**

Darul Ihsan Humanitarian Centre provides education, guidance, social, empowerment and welfare services to the community. In providing this service, we adopt a holistic approach, that gives due importance to basic needs as well as human rights and dignity of those that we serve.

## Founding **Philosophy**

Darul Ihsan Humanitarian Centre is a multi-purpose, humanitarian-services providing organisation. ‘Ihsan’ means compassion towards mankind and to act with excellence. The Centre was established in the year 2000 with the primary objective of serving humanity and alleviating poverty and hardship locally and abroad. Since its inception, it has developed and established many humanitarian projects and provides a variety of free services to the community.

## Key **Objectives**

One of the key objectives of the Centre is to promote a better understanding of humanity and peace, thereby serving as a bridge-builder between faiths and communities. Through guidance, Ubuntu and empowerment, the organisation hopes to train and develop the youth to become torch bearers of hope, peace and compassion to humanity.

